

#EbaSafeOnline





Izwi lokuvula



95 752 likes

Izwi lokuvula

Dr Mashilo Boloka, CEO at Film and Publication Board: Inselelo ekhulayo yobungozi kwezokuxhumana ayibizi nje ukuthi sihlale sizinikele ekuqwashiseni nokufundisa umphakathi, idinga umbono oyinhlanganisela, ofaka abantu bezinhlaka ezahluka hlukene lapho khona abathintekayo bezohlezi besebenzisana. Ukubambisana okuqhubekayo kwe Film and Publication Board (FPB), inkampani iMeta kanye nezinye izithangamu zokuxhumana ababambisene nazo ekulweni nobungozi kwezokuxhumana, kwakhiwe imiphakathi ephephile kwezokuxhumana iyisibonelo salombono. Njengabaqaphi bemisebenzi eyenziwa kwezokuxhumana, lomsikwenza ngoba akekho umuntu ongabhekana negwadla yobungozi kwezokuxhumana eyedwa.

Inhlanganisela yeFPB neMeta isiveze umthamo wemikhankaso yokuphepha kwezokuxhumana ethele izithelo kulonyaka odlule. Lokhu kuveze umsebenzi wokuphepha oqhubekayo kanye namagalelo akhona okufundisa abantu ngokubaluleka kokuphepha nokuvikeleka phakathi kwezokuxhumana nangaphandle kwazo. Lencwadi iyisibonelo saleyo mikhankaso. Indlela yamancoko kulencwadi igqamisa isidingo sokuthi imilayezo kanye nezeluleko ngokuphepha kwezokuxhumana kube lula.

Kulezikhathi zobungozi kwezokuxhumana okungakaze kubonwe, lencwadi iphume ngesikhathi esifanele, iyaqondana nabantu ebhalelwe bona, ingundaba-mlonyeni iphinde ibe lusizo.

Halala Meta!

Amazwi omhleli ayisandulele

Ngemuva kokuthi kube nokukhathazeka mayelana nokuphepha kwentsha ezinkundleni zokuxhumana, sithathe igxathu lobuciko ukuze siifundise, siqinise abantu kanye nabazali Ukusebenzisana kwethu nenkampani yokushicilela iEthnikids Publishers yaseNingizimu Afrika, sekwenze ukuthi kudaleke incwadi yezithombe ebizwa ngokuthi yi #EbaSafeOnline, okusho ukuthi Vikeleka ezinkundleni zokuxhumana.

Lencwadi iyinsiza ebalulekile ekwakheni uqwashiso ngobungozi bobuxhakaxhaka bezokuxhumana. Ukwethulwa kwalencwadi, nokuyinto entsha ukwenziwa yinkampani iMeta eNingizimu Afrika, kuveza ukuzimisela kweMeta ngokwenza ukuthi izinkundla zokuxhumana zibe yindawo ephiphile kubantu abasha. Lencwadi ayigcini nje ngokunikeza abazali amasu okuxhumana nabantwana babo abasebasha, iphinde igcizelele ukubaluleka kokugcina.

Ingxoxo yokuphepha ezinkundleni zokuxhumana ivulekile. Ukutholakala kwalencwadi, nebuye itholakale ekhasini leMeta elibizwa ngokuthi yi My Digital World ngezilimi eziyishumi nanye zakuleli, kubonisa igxathu elibalulekile ekusabalaliseni lelithuluzi eliyinsiza. Kuyasikhumbuza ngokukhethekile ukuthi omunye nomunye kiithina makadlale indima ebalulekile ekugcineni intsha ivikelekile ezinkundleni zokuxhumana.


Sethemba ukuthi nizoyifunda, nisabalalise ulwazi ngayo, nixoxe ngayo nontanga benu, abazali kanye nabaqaphi benu. Siyinkampani iMeta, sifuna ukuthi niqhubeke ngokufunda ngokzizigcina niphephile ezinkundleni zethu.

Oluwasola Obagbemi
Corporate Communications Manager at Meta

Comment



#EbaSafeOnline



9:41

← Indaba
ngokufingqiwe

Lolu wuhambo loLK noShay
ama2000 aziphilela impilo
yobusha bawo. Uma bezithola
besesimweni esinzima, bese
beqaphela amandla ezinkund-
la zokuxhumana, bazibuza
ukuthi bangenze njani ukuthi
bazi ngokuphepha nokuthi
benze njani ukuze ukuphepha
kwabo ezinkundleni zokuxhu-
mana kube yinto engungqa
phambili.

5:18 PM //


Njengoba amakhasi ezinkundla
zokuxhumana afana noFacebook
kanye noInstagram engaba
yizindawo okumnandi ukuba
kuzona wena nomndeni wakho,
zingaphinde zibe yindawo
ebucayi nokho. Ngakho ke,
ungenza kanjani ukuthi
uqinisekise ukuthi u #EbaSa-
feOnline?

5:18 PM //

😊 Type a message







Ngosuku lokugcina lwamaholidi esikole, uShay nonina bavakashele abakwaDlomo.

Cha bo Marion! Ubulaphaya? Yithi uyadlala wena!

Ngiyakutshela Nomsa! Bengiphansi phezulu ngizithengela izinto zami ngenkathi izingane zicishe zibulalana wukuphithiza laphaya!

Onogada bonxanxathela lwezitolo bona bebekhona?

Kuphi khona? Bebungabonwa nangokhalo! Yingakho ngithenga izinto zami ku-inthanethi mina.

Hawu, mina ngeke! Baningi kakhulu abakhwabanisi laphaya. Uzethemba kanjani lezi zinto ngemininingwane yakho yasebhange?

Akukho okunye esingakwenza. UShay uyangifundisa, futhi ngifunda ngokushesha. Empeleni, sazana kangcono lapho engifundisa lezi zinto.

Hawu mina ngeke! Angisoze ngaba yingxenyi yalezi zinto ze-inthanethi, ziyingozi kakhulu.

Ziyingozi? We dade! Sinezingane ezisakhula thina. UShayla wuyena kuphela ingane enginyo futhi ngifuna ukumeluleka ngayo yonke lento ye-inthanethi.

Ngizikhathaza kancane lezinto zedijithali ngoba uLwando akanankinga nazo.

Ephfumulela phansi Uqinisele. Ebusuku bayizolo lokhu, uLisakhanya ubengumuntu odabukile ngenxa yocingo lwakhe.

Kunesikhathi esingakanani enganankinga ngazo? Ngoba uma kuziwa ezintweni ze-inthanethi, ngisho nezinyanga ezibalwa zingabonakala njengengunaphakade. Lama-app ashint-sha usuku nosuku, ngiyakutshela.

Ucabanga ukuthi lenja endala eyimina isengafundiswa amaqhinga amasha?

Cha bo! Ngimdala kuwe. Ngaphandle kwaloko, ngiyazi ukuthi uyazithanda izingane zakho futhi ufuna ukuzigcina ziphephile. Awubheke lapha.



Lokhu kubizwa ngokuthi yi'Parental Supervision.' Kulula kakhulu. Kuyangisiza ukuthi ngibone ukuthi uShayla ulandela bani ezinkundleni zokuxhumana. Kodwa okubaluleke kakhulu wukuthi ubani olandela uShayla. Ngiyabona ukuthi ubani ambikile, loku okuthiwa wukuriphatha ngesiNgisi. Ngiyabona futhi ukuthi ubani amvimbile noma amblokhile. Futhi ngiyabona uma engazama ukushintsha lezi zilungiselelo noma ama-setting ayimfihlo.



Hawu! Kuhle lokho. Ibufeka ilula kodwa ngifuna ukumphuca yona lefoni uLisakhanya. Ucabanga ukuthi ngiyaphupha?

Amafoni abagcina bephephile Nomsa, futhi awufuni ukuba yisitha sikaLisakhanya. Ungasebenzisa i-'Take A Break' ku-Instagram wakhe. Ngaleyondlela uyakwazi ukubeka imingcele ngesikhathi asichitha kulezi zinkundla.



Kusebenza njengomlingo. UShayla uqeda umsebenzi wakhe wesikole ngesikhathi manje, futhi wenza kahle nasesikoleni.

Ngempela? Ngiyazi ukuthi uLisakhanya ufunda okuningi ku-Instagram uFacebook nakwezinye izinkundla zokuxhumana kodwa ngifuna ukumbona echitha isikhathi esiningi ezifundwe...

Ughamuka kuphi lowo msindo manje?



We Lwando! LWANDO! Uwena odiliza umuzi wami?



Mina? Cha, Baba! Bengicabanga ukuthi ngamathuluzi akho nami.




LI-SA-KHA-NYAAA!!!



Ngaso sonke leso sikhathi, u-LK noShay bajabule, abasezwa lutho...

Woza! Woza! Woza mngani! Ngifuna wena s'thandwa sami!




...bazama ukukhulisa abalandeli baka-LK ku-akhawunti yakhe ye-Instagram.

Ukuzwile loko?

Bengingazi ukuthi le-challenge yomdanso izoba nzima kanje...

Hmm. Cha.

Uqinisele we O!



Sizoba nalandeli abaningi, saziwe umhlaba wonke!

Wonke umuntu uyazifela ngalomdanso. Angithi uyazi ukuthi kuzokwenzekani uma siwenza kahle?


Kunjalo mngani! Mhlawumbe umngani wakho angathola ngisho nama-brands angasebenzisana nawo ekugcineni.

Ngingakujabulela loko mngani wami. Kodwa khumbula ukuthi uma kungenzeki ngokushesha, akukona ukuphela kwezwe.



Kungaba ngcono. Hhawu, ngikhathele phela manje mngani!

Asiyibuke. Ngicabanga ukuthi siwenze kahle manje lomdanso.



Yini manje? Ibhethri lakho lifile?

Cha, sekuyisikhathi sokuthi ngiphumule. Umama ubeke imingcele yokuthi ngichitha isikhathi esingakanani efowunini.



Hayi bo, ngenpela? Kodwa amaholide nje.

Izinto ezifana nani?




Ngiyazi kodwa kuyangisiza ukubhekana nezinye izinto.

Ukufunda, ukuvolontiya ezindaweni zokukhosela izilwane kanye nokuzivocavoca. Ngiyithanda kakhulu lendlela yokubheka isikhathi engisichitha ocingweni.





Ngiyaziqhenya ngawe, Shay. Sengiya ngokuba ngcono nami manje ekuzilolongeni. Ngiyakwazi ukususa amaposti amayelana nokudla okungenampilo kwi-timeline yami ukuze ngibone okunempilo. Ngikwenza lokhu ngisebenzisa ikhasi lika-Explore. Ngiphinde ngikwazi ukubona amaphosti okuzijabulisa nokuzilonga ekhaya.


Uyabona ukuthi kulula kanjani? Kuyamangalisa!











iMeta yethula

#EbaSafeOnline

Umbhali

Lebohang Masango

Umdwebi

Mfundo Ndevu

Abakhiqizi

Oluwasola Obagbemi and Kezia Anim-Addo

Umenzi

Itumeleng Morule

Abasebenzisanayo

Duduetsang Makuse, Sylvia Musalagani, Phil Oduor,

Ece Basay, Sophie Vogel, Eva Sow Ebion

Ethnikids Publishers

Tina Akuoko and Khumo Tapfumaneyi

Izibongo ezikhethelike kulaba:

Clockwork, PR partner for Meta in South Africa

Imininingwane yekushicilelwa

Lencwadzi lena ikhicitwe yiEthnikids Publishers (Pty) Ltd bentela iMeta Africa nga2023. Lonelilungelo lalokubhaliwe nguLebohang Masango 2023. Lonelilungelo lemidvwebo nguMfundo Ndevu 2023. Lonelilungelo lekukhicitwa yiEthnikids Publishers 2023. Ihlelwe yiEthnikids Publishers (Pty) Ltd yalungiselwa kuhlelwa yiEthnikids Publishers Onkhe emalungelo agciniwe. Awukavumeleki kuyikhicita noma usebentise incenye yalokubhaliwe noma ngayiphi indlela ngaphandle kwemvumo lebhaliwe iMeta Africa.

I-Ethnikids Publishers iyincenye ye Ethnikids (Pty) Ltd. www.ekp.africa.

ISBN 978-0-7961-0642-1

Isizulu

Amazwi obufakazi

“Emhlabeni wokusebenza kwamakhompyutha kwesimanje manje, phecelezi okudijithali, okuhamba ngesivini, abantu abasha baseAfrica banolwazi olwedlula esasingakuphupha eminyakeni engamashumi amabili edlule. Njengoba lomhlaba wethembisa amathuba ayingqayizivele kulabo abangathola amakhono edijithali ayiwona wona, umphakathi unomsebenzi wokuqinisekisa ukuthi labantu abasha basebenzisa lamathuba ngokuphephile nangokuzethemba. Inkampani iDigify Africa ikholelwa ekutheni ukufunda ngezinto ezidijithali kuyikhono-ngqangi kulekhulu leminyaka (century) esikulona. Siyaziqhenya ngokuthi sikwazi ukunikezela ngalolu qeqesho kubantu abasha eAfrika yonkana mahhala, ngokubambisana nezithangamu zenkampani iMeta.” – **UGavin Weale, umphathi wenkampani iDigify Afrika.**

“Kuyakhuthaza ukubona amava nokuzinikela inkampani iMeta ekubonisayo ekuqwashiseni abasebenzisi bezithangamu ezifana noInstagram, uFacebook kanye nezinye izinkundla zokuxhumana ngokuphepha kuzo izinkundla lezi. Ukuqinisekisa ukuphepha kwentsha uma isebenzisa ubuxhakaxhaka bokuxhumana kuwumsebenzi wethu sonke. Uma sinezinsiza ezifana nalencwadi singafinyelela kubantu abasha abaningi, sikhulume nabo kangcono. Ubuchule bokusetshenziswa kwezithombe, amagama kanye nokuhlelwa kwalencwadi kwenza ukuthi kube mnandi, kuphinde kube lula ukuyisebenzisa. Kwangathi umlayezowalencwadi ungakhuthaza ingxoxo, ukhumbuze umfundi ukuthi udlala indima ekwenzeni ukuthi ubuxhakaxhaka bokuxhumana bube yindawo ephephile.” – **Rianette Leibowitz, ungoti wezenhlalakahle kanye nokuphepha kwezokuxhumana emoyeni, umsunguli weSaveTNet abuye abe wumbhali wengosi esihloko sithi Digital Parenting.**

“KwaClockwork sibusisekile ngokuthi sisebenze neMeta senza incwadi yezithombe ebizwa ngokuthi #EbaSafeOnline, ebonisa ukuzinikela kweMeta ekuqinisekiseni ukuthi ukuphepha kwentsha ebuxhakaxhakeni bokuxhumana kuhamba phambili. Njengoba lencwadi yenzelwe ukuqwashisa kanye nokuhlomisa abantu kuzo zonke izinkundla zeMeta, ibapha ulwazi, izinsiza kanye namathuluzi abawadingayo ukuze baakwazi ukuchusha kwezokuxhumana, sethemba ukuthi sineMeta sizongena emzileni wokuqinisekisa ukuthi ukuhofwa kwayo yonke into eposiwe, inkulumo nenkulumo, konke kulawulwa yimigomo yokuphepha nokuqwashisa ezinkundleni zokuxhumana, sakhe ikusasa eliphephile lawo wonke umuntu.” – **Ithimba leMeta lezokuxhumana nomphakathi enkampanini iClockwork.**

“Ubuchwepheshe bedijithali buvamise ukuhamba ngesivini esedlula esabantu. Yingakho kuyinto enhle ukuthi iMeta isizithathele umsebenzi wokuqhakambisa ukuphepha kwezokuxhumana entsheni njengoba nje yona iMeta inezinkundla ezidume kakhulu, lapho khona yona intsha ichitha khona isikhathi sayo. Ukubandakanyeka kulencwadi kube yisibusiso futhi kungiphe ithuba lokucijisa ulwazi lwami ngokuthi ngingahlala kanjani ngiphephile (ngiphila ke nje nasekhanda!) kwezokuxhumana.” – **wuLebohlang Masango, umbhali oshlabane ngezindondo ophinde abe wusinkondlo.**

“Ukuba yingxenye yokwenziwa kwalencwadi kwakuyinto ethokozisayo. Inkampani iMeta ihamba phambili ekuqhakambiseni ukuphepha kwezokuxhumana entsheni. Ngiyaziqhenya ngokuba yingxenye yalomkhankaso. Lomsebenzi uhambisana namakhono ami kanye nempokophelo yami yokwenza umsebenzi ofundisayo uphinde uqwashise intsha kanye nabantu asebeqinaqina.” – **Mfundo Ndevu, umdwebi**

“Sakubona kubalulekile ukuba yingxenye yento efundisayo iphinde ishintshe inkulumo kanye nezinkolelo ze mayelana nokusetshenziswa kwezokuxhumana, kusetshenziswa yintsha. Kwakusemqoka ukuthi senze into intsha eyayingakwazi ukuzihlobanisa nayo, iphinde futhi leyonto idlulise umlayezo ngokucacile. Sethemba ukuthi amagalelo ethu azokwenza ushintsho endleleni abantwana bethu (kanye nabantu abadala) abachsha ngayo izizinda zokuxhumana.” – **Inkampani yabashicileli iEthnikids**

